



# INGEDE

Lishicilelwe yi - SOUTH AFRICAN SUGARCANE RESEARCH INSTITUTE

June 2005, Vol. 8, No.1



## AYINI AMATHRIPS

AmaThrips ayizinambuzane ezincane ezimunca ujusi/uketshezi olusezitsshalweni. Lezinambuzane zitholakala ziningi ndawonye zihlezi ngokuqoqana emaqabungeni omoba asemancane agoqene. Umphumela wobukhona balezinambuzana ubonakala emaqabungeni ngokuthi kube nemidwi noma amabala aphuzi(yellow). Kwezinye izingxenye zomhlaba, lezinambuzane ziba yinkinga noma zihlasela ngezikhathi ezithile kuphela, kodwa lapha eMzansi Afrika azikaze zibonakale ziyinkinga kuze kube kulonyaka ophezulu. Nokhoke, ukomisa obekukhona, kuhambisana namazinga aphezulu okushisa kanye nomoya, kungayiko okuholele ekusabalaleni kwalezinambuzane.

Kunezindlela ezimbalwa zokunqanda lezinambuzana abakwa-SASRI abasazicubungula. Kuyasoleka noko ukuthi lesisehlo salezinambuzane ngeke sibuye ngonyaka ozayo nakuba umonakalo wazo usudale ukulahlekelwa okukhulu embonini kashukela.



Ama-thrips esemaqabungeni.



Umonakalo odalwa ama-thrips emaqabungeni.

### YINGANI KUMELE SINGANDE IZINHLASELI

Kubalulekile ukuthi thina njengabalingi kanye nomphakathi jikelele silwe nezinhlaseli njengoba ubukhona bazo bunomthelela omubi ezimpilweni zethu.

Okokuqala izinhlaseli zimbi ngokuthi zibulala imvelo yethu le esiyidingayo ukuze siphile kahle njengamanzi, izimila, nokunye.

Ziphinde zibulale utshani bemvelo obudliwa imfuyo yethu futhi okuhlala kubo izinyoni nezinye izilokazana ezibalulekile.

Zincintisana nezitshalo zethu ezidingweni zazo ezinjengamanzi, ilanga, umsoco kanye nendawo ngaleyondlela bese zingabe zisimama izintshalo zethu okugcina kuholele esivunweni esingesihle nenzuzo ephansi.

## ABAKWA-SASRI SEBEQASHE UMELULEKI OMUSHA

**uMnu. Francis Bongani Phewa**



uMnumzane Phewa, ongowokuzalwa eMarianhill useqashwe ngabakwa-SASRI njengomeluleki oqondene nezokwelulekwa kwabalimi bakamoba abalima ngokuncane kulemishini elandelayo; Maidstone, Gledhow ne-Darnall. Umnumzane Phewa owaziwa kakhulu ngelika Francis uqale kulesisikhundla ekuqaleni kukaMay 2005 engena ezicathulweni zika NkkThamoney Naidoo oseqashwe umnyango weZolimo njengephini likamqondisi.

UMnumzane Phewa lo, uza nengcebo enkulu ngesipiliyoni anaso kwezokweluleka njengoba esesebenze ngaphansi komnyango weZolimo Eshowe iminyaka eyishumi nesihlanu njengomeluleki wezolimo kusukela ngo 1990. Kanti iminyaka eyisishiyagalolunye kulena, uyisebenze ngaphansi kohlelo lokweluleka kwezomoba ngaphansi komshini was`Entumeni.

Wenza izifundo zakhe zezolimo eCwaka, wenza ezeComputer Eshowe, wenza ezomoba eSASEX (SASRI), okumanje wenza iziqu zakhe enyuvesi yasePort Elizabeth.

Njengendoda ekhuthele nezikhandlayo emsebenzini, njengamanje usemingomumo ukubonakalisa igalelo lakhe ekuthuthukiseni abalimi abalima ngokuncane enhlanu-nogu.

UMnumzane Phewa uphinde aziwe futhi kakhulu ngegalelo lakhe kwezemvelo ezindaweni zabamnyama okwaze kwaholelela ekuklonyelisweni kwakhe ngomklomelo osezingeni lesifundazwe ngonyaka ka-2001 obizwa nge-"Ezemvelo KZN Wildlife- Conservation Award".

Nangoke, usengoweni, msebenziseni- utholakala kulenombolo :- 082 655 0358

## ONGU-MXHUMANISI WEZOLIMO KWASASRI

**uMantombi Tofile**



uMantombi uqale ukusebenza kwa-SASRI ekuqaleni kuka-April kulonyaka. Emva kokuphuthula izifundo zakhe zobuNtatheli nezoku-Sakaza izindaba esikhungweni esisethekwini (Durban Institute of Technology), wasebenza ngaphansi kokubhalwa kwamaBhuku ahlu-kahlukene njengombiki wezindaba ezixubile nezobuchwepheshe eGoli.

Ukungena kwakhe kweZolimo kuza nezinsalelo ezintsha kuye noko azokwazi ukumelana/ukubhekana nazo njengoba eke wahlala epulazini lika-Baba wakhe eliseNdwedwe.

Njengoba ela kwaSASRI, uMantombi uzobhekana nezinhlelo kanye nemisebenzi yokuxhumanisa ngasemkhakheni wabalimi abalima ngokuncane/abasafufusa.

Izinhlelo zakhe zizobandakanya ukuhlela nokusingatha ukuvakasha kwabalimi abalima ngokuncane, ukwakha ubudlelwano nabathintekayo, ukuhlanganisa (ngokuhlanganyela nabeluleki) ulwazi lobuchwepheshe oluzoqoshwa futhi lusakazwe emisakazweni yomphakathi eyahlukene kusifundazwe sonke, kanye futhi nokwenza ukuxhumana okubalulekile kubekhona phakathi kwabakwaSASRI nabaLimi abasafufusa.


Omunye wemisebenzi yakhe ukuhlanganisa, ukuhlela nokusakazwa kweNgede.





# ALIEN PLANTS<sub>1</sub>

## Ziyini izifikanamthwalo noma izinhlasele?



USANDANEZWE

UBHICI

UWATELA

## Ziqhamukaphi lezizinhlaseli noma izifikanamthwalo?

Zifika ngengozi ziqhamuka kwamanye amazwe




# ALIEN PLANTS<sub>2</sub>

## Yini kumele zinqandwe lezizitshalo?

Izinhlasele zincintisana nezinye izitshala nge:

- Ilanga
- Amanzi
- Ukudla
- Indawo

- Zibulala utshani bemvelo
- Zandisa ukuguguleka komhlabathi
- Zibulala imvelo.



## Yini eyenza lezizitshalo zihlasele kangaka?

- Zikhiqiza imbewu eningi Usandanezwe nje ukhuqiza izigidi zembewu
- Imbewu ihlala isikhathi eside emhlabathini Imbewu kawatela ihlala iminyaka engaphezulu kuka 80
- Imbewu isabalala kalula Ngomoya, ngamanzi, izilwane kanye nemishini
- Inezitha eziyingcosana zemvelo

# ALIEN PLANTS<sub>3a</sub>

## Ukuzikhomba

## nokuzihlunkanisa ngezigaba

### ISIGABA SOKUQALA

1. Usandanezwe
2. Ubhici noma ubukhwebezane
3. Ubhongabhonga
4. Pereskia



Usandanezwe



Ubhici noma ubukhwebezane



Ubhongabhonga



Pereskia

# ALIEN PLANTS<sub>3b</sub>

## Ukuzikhomba

### ISIGABA SESIBILI

- Zivunyelwe kuphela uma unemvume yakwa Agricultural Resource Management
- Kumele kunqandwe ukusabalala kwazo

1. Ugwava
2. Uwatela
3. Indlulamithi
4. Uphaya



Ugwava



Uwatela



Indlulamithi



Uphaya

# ALIEN PLANTS<sub>3c</sub>

## Ukuzikhomba

### ISIGABA SESITHATHU

- Ukudayiswa nokuqhutshekwa kokutshalwa kwazo akuvunyelwe

1. Umsilinga
2. Ijacaranda
3. Loquat
4. Umalibhele



Umsilinga



Ijacaranda



Loquat



Umalibhele

# ALIEN PLANTS<sub>4a</sub>

## Izindlela zokunqanda

- Ngezandla
- Ngokwemvelo
- Ngemithi


### NGEZANDLA

- Ukusumpula izitshalo ngezandla
- Ukuhesha nokushisa
- Ukuxebula amagxolo



### NGOKWEMVELO

- Ukusebenzisa izitha zemvelo
- Isebenza kakhulu uma izitshalo zicinene
- Zidla kuphela izifikanamthwalo hayi ezinye izitshalo



### NGEMITHI

- Ifakwa:**
- Esihlahleni esinqunyiwe
  - Esiqwini
  - Emahlamvini



# ALIEN PLANTS<sub>4b</sub>

## Impahla Engasetshenziswa

### Ibhulashi lokupenda

- Lisetshenziswa ukugcoba izinqamu zezihlahla



### Ucelemba

- Ukunqamula isiqu
- Ukuxebula amagxolo
- Ukuhesha izihlahla ezicinene

### Isigubhu saphoyizeni nenozolo

- Ukuchela izitshalo ezihluma kabusha
- Ukuchela amahlamvu
- Nezinqamu zezihlahla



### Ukususa lezi ezihluma kabusha

- Ziheshe izihlahla ezicinene ebusika
- Chela lezo ezimila kabusha entwasahlobo
- Lezo ezimila kabusha kumele zichelwe ngesikhathi sezifika edolweni
- Ukuhesha makulandelwe ukuchela ngomuthi



# ALIEN PLANTS<sub>5</sub>

## Izigaba Zokunqanda

Zonke izigaba zidinga uhlelo lokulandela

### Isigaba sokuqala

#### Ukunqanda okuncane

- Uma izinhlasele zingeningi
- Kushibhile futhi kulula



### Isigaba sesibili

#### Ukunqanda okuphakathi nendawo

- Susa izithombo kanye nalezo ezimilayo futhi




### Isigaba sesithathu

#### Ukunqanda okukhulu

- Nqanda ezinkulu izitshalo
- Lezo ezikhulile zizokhiqiza imbewu
- Qala kuphela uma sewuke wazinqanda ngezindlela ezingaphezulu

- Uma ungenayo imali zinqande onqenqemeni lapho ziningi khona



# ALIEN PLANTS<sub>6</sub>

## Ukunakekelwa nokusetshenziswa kwemithi

- Qiniseka ukuthi hlobo luni lwesitshalo
- Khetha umuthi ofanele
- Khetha indlela okuyiyonayona yokuchela umuthi
- Imithi iyingozi ngakho fundisisa ilebula
- Abantu abasebenzisa lemithi kumele baqeqesheke kulokho
- Xuba imithi ngokufanele
- Sebenzisa amanzi ahlanzekile
- Gqoka impahla ekuvikelayo ngasonke isikhathi
- Gcina imithi endaweni evalekayo nephephile
- Shisa izitsha ebeziphethe imithi





# UMOBA-IGOLIDE ELILUHLAZA

**E**sifundazweni sakithi kwaZulu-Natal asinalo igolide noma idayimane kodwa igolide lakithi likwezolimo ikakhulukazi emobeni. Iningi lentsha eseliphothulile ezikoleni aliwutholi umsebenzi kodwa amasimu asuke ekhona emakhaya ebalindile.

Umanyango Wezolimo kanye Nezemvelo wenze emikhulu imizamo yokuthi uhambisane nenqubo-mgomo yawo yokuthi ukhuthaze abantu abasha kwezolimo. Kuzozonke izifunda nkantolo zezolimo umnyango unabeluleki bezolimo kanye nomeluleki obhekele ukuthuthukiswa kwentsha. Kunezinhlolobhlobo zama projects ezenziwa ngu manyango wezolimo uzenzela intsha, amanye awo ilawa: ukufuywa kwezinkukhu, ukwenziwa kwephepha, ukutshalwa kwemifino, hydroponics, ama nurseries, ukufuywa kwezinhlanzi, ukufuywa kwezinyosi kanye nokulinywa kwamakhowe. Umoba wona ukhombisile ukuthi wona uyistshalo esiyilungele indawo yakithi ukutshalwa noma yikuphi ngenxa yokuthi uyakwazi ukumila ezindaweni ezahlukene ngokomhlaba kanye nangesimo sezulu kanti okanye wukuthi imakethe ikhona ( njengamanje kunemishini yokugaya umoba ewu-13 ).

Ngonyaka ophelile ( 2004 ) umnyango weZolimo neZemvelo utshalele intsha amasimu amathathu omoba endaweni yakwaZulu-Natal, kulezizindawo ezilandelayo;

Eshowe, e Lower Umfolozi ( Empangeni ) kanye nakwa Hlabisa. Lomsebenzi ubhekwe ngokubambisana yintsha, umshini, uhulumeni kanye nemboni kashukela (Joint Venture between KZNSA and SASRI). Uma lamasimu enganakekelwa ngendlela efanele kusetshenziswa ubucwepheshe babeluleki lamasimu engakwazi ukukhipha isivuno esingamathani awu-80 ngehekitha ngonyaka.

Impumelelo yalamasimu ilele ezandleni zayo intsha, ngoba kudingeka izinikele ekwenzeni umsebenzi izikhandle nakukho konke okumele kwenzeke.

Okubonakele njengamanje wukuthi ukuze umsebenzi wokulima uhambe kahle kudingeka amasimu ahlanganiswe ukuze akhiphe indawo enkulu ngoba uma lowo nalowo muntu esazilimela isicagogwana sakhe angeke ukulima kuze kuphumelele yingakho nje sibona abazali bethu bengayindayo ngezolimo. Siyabagqunguzela abantu abasha ukuthi mabafunde ngoba ulwazi lungamandla, qikekelani ukuthi izifundo enizithathayo makube ngezidingekayo eziyinyama la ngaphandle, sidinga abantu abasha abazoliqhakambisa izwe lakithi ngakwezomnotho.

Mayelana nemininigwane eminye KwaZulu-Natal thintana no Mqondisi u Mnuz

SUE Ntleko kule nombolo 082 570 1984, uyobe esekuyalela umuntu ongakusiza endaweni okuyo.



Ukuhlahlwa kwegolide eliluhlaza.

## AMASU ASEMQOKA



- Oda imbewu yakho ozoyitshala ngentwasahlobo e Komidini elibhekene Nezifo Nezinambuzane kanye nokukhishwa kwe Mbewu engakashayi u Juni.( Ngo-komthetho imbewu osuke uyi oda ngalonyaka ngalesisikhathi usuke wenzela ukuthi baktshalele yona kulonyaka ngentwasahlobo wena ube uzoyisebenzisa ngonyaka olandelayo, kulesisibonelo imbewu e odwa manje ngeyokuthi utshale ngonyaka ozayo 2006.]
- Uma ukhetha uhlobo lwembewu ufuna ukutshala kabusha, qikelela ukubheka isikhathi ofuna ukuvuna ngaso noma bheka isikhathi sokuvuna lolohlobo lwembewu, ngokuqikelela lokhu okungenhla kungenza ukuthi ngesikhathi
- usuvuna ukwazi ukuthola ushukela omningi emobeni wakho. Ngalokho ube usuwenza inzuzo.
- Siyakhuthaza ukuthi uzitshalele ibhewu yakho, iyona ndlela eshibhile.
- Hlela noMeluleki wakho ukusungula indima engango 1 hektha engasetshenziswa njengesibonelo (demonstration plots), lembewu ekulesisibonelo iyona engasetshenziselwa ukutshala.
- Thatha umhlabathi wensimu yakho uyohlolwa ukuze wazi ukuthi hloboluni lukamanyolo oludingekayo kuleyonsimu, lokhu kuzokusiza ekuhloleni izimali zakho zokusebenza.
- Qikelela izinga lokusebenza likasokontileka(umdonsi)wakho ngesikhathi sokuvuna(sokuhlala) umoba wakho.
- Hlola ukuthi amasimu akho awanaso yini isihlava(I eldana). Uma izinga lokuhlaselwa komoba wakho liphezulu, hlela ukuthi umoba wakho uhlahlwe ngokukhulu ukushesha.
- Qinisekisa ukususe konke okungabangela ukuthi umlilo ufike kalula ensimini yakho (babela)
- Susa zonke izihlahla zokufika kanye nokhula ensimini yakho.
- Umlimi ohlakaniphile uyayihlola njalo insimu yakhe ukuze akwazi ukubona okungalungile akulungise khonamanjalo(khona lapho).
- Hlela indlela ozohlakula ngayo, uma usebenzisa isibulalakhula qikelela ukufundisa imigomo noma imibandela.
- Qinisekisa ukuthi yonke imigwaqo engenela ensimini yakho isesimene esifaneleyo singakafiki isikhathi sokuvuna.
- Khumbula uhlelo lwezimali lubalulekile ukuze uphumelele, ukuze ukwazi ukuthenga okudingwa insimi yakho.